

## Izindaba ezikule ncwadi:




1 Ukudlala umdlalo 1





2 Zeqa-ke izilwane 9


# Isetshenziswa kanjani Incwadi Enkulu:

Njengothisha, kuzodingeka uzilungiselele ukwenza isifundo sokufunda ngokuhlanganyela nekilasi lakho. Ngokujwayelekile, uma kufundwa ngokuhlanganyela wena thisha usebenzisana nekilasi lonke; kanti uma lilikhulu kakhulu kudingeka ulehlukanise amaqembu amancane, noma-ke usebenze nengxenye yalo. Kumele uqiniseke ukuthi abafundi bahlala benze isiyingi bayibone kahle Incwadi Enkulu ukuze bakwazi ukufunda kalula okubhalwe kuyo.

Encwadini Enkulu umfundi ufunda ukubamba incwadi, ukuyimisa kahle, kanye nokuphenya amakhasi ngenkathi kufundwa ngokuhlanganyela. Nendlela okufundwa ngayo umfundi uyaqeqesheka ngayo, kuthuthuke ikhono lokulalela, lokukhuluma, lokufunda imibhalo, lokucabanga nelokubhala, njengoba kubalula iCAPS:

- Ukuthuthukisa ikhono lokulalela nokukhuluma.
- Ukuthuthukisa ikhono lokufunda kwabasaqala.
- Ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.
- Ukuzibandakanya ezingxoxweni nalapho kukhulunywa ngokudedelana.
- Ukudweba, ukulingisa indaba.
- Ukusebenzisa izithombe ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani.
- Ukufunda ngokuhlanganyela ukuze kuthuthukiswe ukubhala ngokuhlanganyela.

## Ukulungiselela ukufunda Incwadi Enkulu

- Qiniseka ukuthi bonke abafundi bayayibona incwadi. Uma ikilasi lakho lilikhulu, yakha iqembu elincane usebenze nalo.
- Kuzodingeka wenze uhlaka ozomisa ngalo incwadi ukuze uvike ukuhlala uyibambile ngenkathi kufundwa. (Bheka imiyalelo yokwenza uhlaka lokumisa incwadi ekhaveni ngemuva.)
- Sebenzisa irula ukukhomba nokulandela amagama ngenkathi ufunda.
- Uma ufuna ukugqamisa amagama athile, sebenzisa amabhamuza enkulumo ukokelezele igama ngawo, noma usebenzise esikubiza 'ngephepha elinefasitela'. Ungakwenza lokhu ngokusika iphepha libe ngunxande, bese usika unxande phakathi nalo wakhe ngawo ifasitela, bese leli phepha ulibeka phezu kwamagama ukuze kugqame igama elilodwa ngesikhathi.

## Ukufunda ngokuhlanganyela kokuqala

Ingxenye yokuqala kulesi sifundo ibheka kakhulu ukuthi abafundi bayakujabulela yini ukufunda 'nokubona' umbhalo okokuqala, lapho abafundi kudingeka khona bakhombise ukuzibandakanya ngamunye ngamunye.

- Phenya amakhasi endaba ezofundwa udlulise amehlo. Xoxa ngezithombe zayo.
- Cela abafundi baqagele ukuthi indaba imayelana nani ngokulandela izihlokwana kanye nezithombe.
- Yethula amagama alukhuni namasha ngaphambi kokuthi abafundi bayifunde indaba.
- Yenza amakhadi amagama uwasebenzise ukwethula ulwazimagama.
- Yifunde indaba usebenzisa izimo ezahlukahlukene zobuso uphinde uguquguqule izwi, ubuye ufunde ngokushesha. Sebenzisa izitho zomzimba kanye nezimo zobuso ngokuziguqula njalonjalo.
- Sebenzisa induku noma irula ukukhomba amagama ngenkathi uwafunda ukuze abafundi babone ukuthi ufunda kuphi, bakwazi ukunamathisela umsindo wezinhlamvu ngokufanele ekhasini. Lokhu kuzobasiza ukuthola ukuthi kufundwa kusukwe kwesokunxele kuyiwe kwesokudla, kanti kuqalwa phezulu kuyophunywa phansi.
- Sebenzisa lokhu ukwethula 'ulimi lwencwadi': amagama, imisho, ikhasi, umbhali, isihloko, njll.
- Dedela abafundi bazibandakanye nendaba ngokuthola ithuba lokungenelela (njengokuthi badedelwe bamemeze uma mhlawumbe kuthiwa "Gijima, gijima, gijima kakhulu, ngeke uze ungibambe kodwa mina – ngiyindoda eyisinkwa sezimanga!") uma kukhona lokhu embhalweni ofundwayo.
- Kumele kufundwe indaba efanayo izikhathi ezimbili noma ezintathu ukunikeza abafundi ithuba lokuqonda amagama angaba yidlanzana, ukulingisa izinto ezenzeka endabeni noma ukuphinda baxoxe izingxenye zendaba bazethule ngawabo amazwi.

## Ukufunda ngokuhlanganyela kwesibili

- Lapho sekufundwa okwesibili kudingeka kusetshenziswe umbhalo ofanayo, bese kubhekwa kakhulu ukuzibandakanya kwabafundi ngokuthi uthisha axoxisane nabo ngenhloso yokuthuthukisa ulwazimagama, ukuqonda izakhiwo zamagama (ulimi, ukusetshenziswa kwezimpawu, njll).
- Kukuwe thisha ukuthi ubheke kakhulu izinto ezifana: nokuma kwemibhalo, ukwakheka kwemibhalo, imisindo, ulimi, ukubona amagama athile kanye namazinga ahlukahlukene okuqonda imibhalo (ukuhleleka, ukuthi amagama aqondeni, ukuwacwaninga kanye nokubuza imibuzo ekhombisa ukulangazelela).

## Ukufunda ngokuhlanganyela kwesithathu

- Uma sekufundwa okwesithathu, abafundi kumele bazifundele bona uqobo, baxoxe baphinde babhale imisebenzi yokwenziwa ngombhalo abawufundile.
- Uma kuvuma, Ukufunda Ngokuhlanganyela kumele kubambe iqhaza ekwenzeni ngcono Ukubhala Ngokuhlanganyela, lapho uthisha ekhombisa khona ukuthi kubhalwa kanjani, abafundi babhale ngokwabo nabo ngenkathi uthisha elokhu ebahlola enza namanothi. Lokhu kukhulisa abafundi uma kufika isikhathi sokuzenzela ngokwabo imisebenzi ebhalwayo.



Lalipholile ngalelo langa likaNcwaba, abeqembu lebhola labangaphansi kweminyaka eyi-10 baphuma begxuma ebhasini bexokozela. Babephikelele ukuyodlala umdlalo wokugcina waleyo sizini.

Bonke babenesasasa ngomdlalo wamanqamu owawuphakathi kwesikole iNew Town nesamabanga aphansi iSea View.

U-Anna noMandu kwakuwukuphela kwamantombazana eqenjini laseNew Town. Babethemba ukuthi bazokwazi ukunqoba isikole samabanga aphansi, iSea View.

U-Anna noMandu babebona iqembu labo kufana nokuthi selinqobile vele. NoMandu owayeneminyaka eyishumi nanye wayewulangazelele kakhulu lo mdlalo. Wayezicabanga nje esefaka igoli lokunqoba ngezicathulo zakhe eziphuzi.





Wezwakala ememeza ngezwi elikhulu ngenkathi ephonseka emgodini.

"Ngisizeni bo!" ekhala. U-Anna noPeter noJabu bagijima babuyela emuva ukuyosiza. "Oh! Iwabuhlungu unyawo lwami". Esho egxumagxuma ngomlenze owodwa. "Angikwazi ukuma ngonyawo lwami!" Wahlala phansi otshanini. "Ngethemba ukuthi angephukanga iqakala," esho zehla izinyembezi.

"Phela uma uMandu engezukudlala, nami ngeke ngidlale.

Kumele ngimphuthumise emtholampilo.

"Ungakhathazeki, Mandu" kusho u-Anna. "Ngizokutholela udokotela."


"Cha, Anna, cha. Awukwazi ukukwenza lokho. Ngizolinda nje lapha uze uphele umdlalo."

"Awukwazi ukusala lapha wedwa, Mandu," kuphendula u-Anna.





Bonke abanye eqenjini baqhubeka badlala. U-Anna wayelokhu esekele uMandu ngenkathi sebebuyela ebhasini, bahambisana sebeya emtholampilo. Udokotela waluhlolisisa unyawo lukaMandu. Wathatha i-X-reyi, wayibheka, wase emamatheka ebatshela ukuthi unyawo lukaMandu luzophola nje. Walubhandisha wase etshela uMandu ukuthi angalidlala futhi ibhola uma ezizwa esengcono.



Ngingakuthatha
ngikushiye enkundleni
yezemidlalo uma uthanda.
Kusho udokoteta. Kade ngagcina
ukubukela umdlalo webhola." Amagoli
ayema-2 kuNew Town, ema-2
kuSea View. Lapho usuqala futhi
umdlalo nala mantombazana angena
enkundleni.

U-Anna washeshe wafakela iNew Town igoli lesithathu; kwathi ingakakhali nje impempe yokugcina, uMandu wafaka elesine.

Izibukeli zahlokoma zihalalisa.

Ayejabule kakhulu amantombazana amabili lapho iqembu lawo seliyolandela isikole sawo indebe.



Kwathi kusihlwa nje ngelinye ilanga, kuzwakala ukufudumala kwehlobo, umqaphi we-zu wakhiyela amakheji azo zonke izilwane ngaphambi kokuba ashiye aye ekhaya lakhe.

"Nilale kahle, zilwane. Ngizobuya ekuseni," kusho yena esekhiyela ikheji lemfene.

"Ulale kahle nawe," kuphendula uMnu Mfene ngenkathi ezihosha ngokunakekela izikhiye ebhandeni lombheki we-zu.

"Ngikhathele kakhulu," kusho umqaphi we-zu. "Ngiyajabula nje ngoba sekuyisikhathi sokuya ekhaya.

Sengilambe kabi, sengijahe kakhulu ukudla isidlo kwakusihlwa nomndeni wami."

Umqaphi we-zu wanele wahamba nje eseya ekhaya, uMnu Mfene waya emakhejini, esuka kwelinye aye kwelinye evula amasango akhona.

"Yebo, Nkk Mvubu," kusho yena, "Phuma lapha, sekuyisikhathi somcimbi."

"Sawubona Mnu Bhubesi," kusho imfene. "Phuma lapha, asiye emcimbini!"

Izilwane zaxokozela ngokujabula ngendaba yokushiya i-zu.

Zonke izimfene ezingamashumi amabili nantathu, zaba ngezokuqala ukweqa e-zu. Zeqa uthango lwe-zu zashona epaki.




Izinkawu zazijabule kakhulu lapho zithola itafula lilungiselwe umcimbi wosuku lokuzalwa ozoba ngakusasa.

Izinkawu zakudla konke ukudla okwakulungiselwe umcimbi lowo.

Zadlala kunzungelezane nasemjikelweni.



Ngaso leso sikhathi nje unogada wepaki waphaphama ebuthongweni bakhe. Wamangala kakhulu lapho ebona izinkawu ezingamashumi amabili nantathu zidlala epaki.

"Ngabe yiqiniso leli?" ezibuza.

UHilda, imvubu, wanquma ukuyishiya i-zu wazula wehla ngomgwaqo omkhulu.

Wamangala nje ukuzwa umsindo wezimoto emgwaqweni.

Kwakungumsindo omkhulu kakhulu! Wavele wanquma ukulala ngasemthonjeni eduze kwehholo ledolobha, kodwa wayede evuka uma ezwa amahutha ezimoto nama-alamu ezimoto zezimo eziphuthumayo.





ULeo, ibhubesi, wayezula ezingela ehla ngomgwaqo. Wayehogela iphunga lokudla. Yini ayengayidla?

Walunguza esuphamakethe.

"Sizani! Sizani bo!" kumemeza abathengi.

UFelix indlovu waba ngowokugcina ukushiya i-zu.

Kwathi esahamba emgwaqweni, uFelix wabona indlu isha. Wamunca amanzi esizibeni sokubhukuda wachela ngawo indlu. Ngokushesha umlilo wacisha.

"Wenze kahle Mnu Ndlovu!" kumemeza abacimimlilo.

"Hhule!" kuhalalisa izibukeli zijabule.

UFelix waqhubeka nohambo lwakhe enqamula idolobha ebheke emzini ongaphandle.


Wabona uNtebo ehamba esuka emfuleni. UNtebo wayezama ukuthwala ibhakede lamanzi.

"Alokhu echitheka nje amanzi," kusho uNtebo.

"Ungakhathazeki, ngizokusiza ukuba uwathwale amanzi," kusho uFelix.


Waphakamisa uNtebo wambeka emhlane wakhe, wamunca amanzi enele ukugcwalisa ithange lamanzi.






Akubanga sikhathi umqaphi we-zu nabasizi bakhe bonke base bephumile beyofuna izilwane. Amaphoyisa eza azobasiza.

Ezihamba phambili emaphephandabeni nezimemezelo emsakazweni zaxwayisa abantu ngebhubesi elalizulazula ezitolo.



Emva kwalokho zonke izilwane
zanquma ukubuyela e-zu.
"Akulula ukuthola ukudla edolobheni,"
kusho ibhubesi.
"Angikwazi ukulala kunomsindo
ongaka wezimoto," kusho imvubu.
"Kufana nehlathi elisedolobheni,"
kusho indlovu.



"Bekumnandi khona emcimbini, kodwa sesikhathele, sifuna ukubuyela ekhaya," kusho izinkawu.

UMnu Mfene owayephethe izikhiye wavula isango ukuze izilwane zibuyele ezu.

"O sengiyazi manje ukuthi kwenzekeni ngezikhiye zami," kusho umqaphi we-zu.

Siyakwamukela kulolu chungechunge lweZincwadi Ezinkulu. Incwadi Enkulu lena ingxenye yezincwadi ezisohlwini olubizwa ngeRainbow Series, okukhona kuyo izincwadi zokusebenzela, isilulu sezindaba nezinkondlo, amaphosta kanye nezincwadi ezihlelwe ngamazinga ehlukahlukene. Sethemba ukuthi uzozithola zilusizo izindaba ezahlukahlukene ochungechungeni lwalezi Zincwadi Ezinkulu eziyisishiyagalombili ezibekelwe leli banga. Kulindeleke ukuthi abafundi bakho bakuthokozele ukufunda ngokuhlanganyela. I-CAPS, Emabangeni Aphansi iphawula ukuthi kubalulekile Ukufunda Ngokuhlanganyela ekufundiseni ukufundwa kwemibhalo. Ukufunda Ngokuhlanganyela kuvame ukuthatha izinsuku ezimbili kuya kwezine esontweni ngalinye lapho umfundi ngamunye efunda khona umbhalo ofanayo. Izincwadi zokusebenzela, ndawonye nezincwadi ezihlelwe ngokwamazinga, kulungiselwe ukufezekisa yona le ngxenye yokufunda.

Nokho-ke, ukusebenzisa Incwadi Enkulu enamagama amakhulu lapho fundwa ngokuhlanganyela, kuyindlela enhle kakhulu ngoba abafundi bakwzi ukubona amagama nezithombe, bakulandele ngenkathi ufunda, lokhu kwenzeke ngendlela efanayo nangenkathi izindaba zisaxoxwa. Kubalulekile ukuthi abafundi bahlale bakhe isiyingi bakokelezele Incwadi Enkulu, ukuze bawubone futhi bawufunde kahle umbhalo wayo. Amagama amakhulu akule ncwadi asiza ukuthi kufundeke kalula ngokuphumisela ukuze kuzwe abafundi abaningi ngesikhathi esisodwa esimeni esikhululekile nesejwayelekile.

Izincwadi ezinkulu kulolu chungechunge zethula kubafundi izindaba ezahlukahlukene, izinkondlo, imilolozelo kanye nemidlalo okuhambisana nolwazi kanye nemibhalo enezithombe.

Umsebenzi wakho njengothisha ukwenza izindaba ziphile ngenkathi ufundela abafundi, zijabulise, zibe nogqozi. Ukusebenzisa Izincwadi Ezinkulu kwenza ukufunda kuthokozelwe nguwe kanye nabafundi ngokufanayo. Sethemba ukuthi le ncwadi izokusiza kulokhu.



## Zenzele olwakho uhlaka lokumisa Incwadi Enkulu




### Nakhu ozokudinga:

1. Ikhadibhodi elinobubanzi obulingana nobeNcwadi Enkulu (594 mm) kanye nobude obuphindwe kathathu (1360 mm).
2. Itheyiphu yokunamathisela
3. Amaphegi amabili okunamathisela ikhadibhodi.

Sebenzisa itheyiphu yokunamathisela ukuhlanganisa izingcezu zekhadibhodi.

Goqa ikhadibhodi ulenze uhlaka bese ubamba iphansi lalo nengaphambili ukuhlanganise njengoba kukhonjiswe emdwebeni.











## Eminye imibono ngokufunda Incwadi Enkulu

- Sebenzisa ipulastiki ukwemboza Incwadi Enkulu. Kuyamsiza umfundi kanye nothisha lokhu ukuba abhale kukho.
- Bhala ngepeni elisuleka ngamanzi kulesi sembozo sepulastiki.
- Sebenzisa iphegi ukunamathisela ipulastiki encwadini enkulu.




ISBN 978-1-4315-2984-1

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2984-1

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

The Big Books in this series are available in all languages. They were developed by a team of UNISA Language and Education experts as part of their Community Engagement contribution to South Africa's education sector.

**Author: V McKay**